**Isihloko:** Isenze esidingekayo senqubo yenkantolo

Othandekayo, [Igama] [Isibongo]

Ngonyaka odlule ngoZibandlela 2025 , i-EPPF igubhe iminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu wokunakekela wena, umndeni wakho ngisho nomphakathi wonke jikelele manje nasesikhathini esizayo. Ngenxa yokusekelwa yiwo wonke amalungu ethu, awumgogodla walokho esikwenzayo, i-EPPF iye yakhula yaba yiSikhwama esigxile emalungwini, okusenza siziqhenye ngokusebenzela abantu. Siye sakhula, ngenxa yokusekelwa yini, saba umhlinzeki wezinzuzo zomhlalaphansi onama-asethi alawulwayo engaphezu kuka-R200-billion. Futhi ngenxa yokuzinikela kwethu ekunakekeleni abanye, siyakwazi ukunakekela ikusasa lamalungu ethu ukuze angakhathazeki ngekusasa. Uzibophezela kwethu ukunakekela abanye kusho nokuthi sizohlala senza okulungile ngaso sonke isikhathi.

Siyasiqonda isidingo sokuhlale sethenjwa yibo bonke ababambiqhaza bethu, ikakhulukazi amalungu ethu. Enye yezinselele ezinkulu esiye sabhekana nazo muva nje kube ukwakha kabusha ukwethenjwa ngemva kodaba lwempesheni oluthinta owayenguMphathi Omkhulu wase-Eskom uMnumzane Brian Molefe.

**Nangu umongo obalulekile wodaba ongakusiza uma ubuyela emuva empeshenini kaMnumzane Molefe**

Ngo-2017, kwaba nesinyathelo senkantolo esabangela ukuba isinqumo seBhodi le-Eskom sokugunyaza inkokhelo yempesheni yowayenguMphathi Omkhulu wase-Eskom sibhekwe njengesingekho emthethweni. Udaba lwaveza ukuthi uMnumzane Molefe wavunyelwa ukuba yilungu leSikhwama, yize ngaleso sikhathi ayeqashwe njengesisebenzi sesikhashana e-Eskom. Imithetho yeSikhwama sethu ithi yizisebenzi eziqashwe ngokugcwele kuphela abaqashi ababambe iqhaza ezifanelekela ukuba

amalungu. Ungafunda imininingwane yakamuva yalolu daba olusaqhubeka enkantolo ngokuchofoza kule linki ekusa esihlokweni ewebhusayithini yethu.

**Indlela esiqinisekisa ngayo ukuthi senza okulungile, njalo**

Njengengxenye yokuzibophezela kwethu ekufundeni, i-EPPF yenze umsebenzi wokuqinisekisa ukuze iqonde ukuthi wonke amalungu ethu ayeqashwe ngokugcwele yini ngesikhathi ejoyina iSikhwama. Sisebenze ne-Eskom SOC kanye ne-Eskom Rotek Industries ukuze sithole izinkontileka zakho zokuqashwa, noma nanoma yimiphi eminye imininingwane ebonisa ukuthi wawuqashwe ngokugcwele ngesikhathi ujoyina iSikhwama. Siye sahlonza futhi saqinisekisa isimo sokuqashwa kwamalungu lapho ebesikwazi khona ukuthola amarekhodi okuqashwa. Siyajabula ukubika ukuthi sibuyekeze amarekhodi amalungu ethu angaphezu kwesigamu futhi siye saqinisekisa ukuthi ubulungu bawo be-EPPF buvamile futhi buhambisana neMithetho yeSikhwama sethu.

Manje silungiselela isinyathelo sokugcina sale nqubo ukuze wonke amalungu ethu abhekwe njengakufanelekela ngokugcwele ukuba yingxenye ye-EPPF.

**Izinzuzo zamalungu zizoqhubeka zikhokhwa kodwa sidinga ukuqinisekisa imininingwane**

Kunamalungu ayizinkulungwane ezithile, okungenzeka ukuthi ayesebenza eminyakeni eminingi edlule, okudingeka kuqinisekiswe samarekhodi awo okuqashwa. Yilapho singena khona isinyathelo sokugcina senqubo yethu yasenkantolo ukuze siqinisekise ukuthi ubulungu be-EPPF bawo wonke umuntu benziwa buvame. Uma uthole le imeyili, kusho ukuthi asikwazanga ukuqinisekisa isimo sakho sokuqashwa. Asikho isidingo sokukhathazeka, izinzuzo zakho zizoqhubeka zikhokhwa. Esikudingayo nje ukuthi usitshele uma unawo amarekhodi okuqashwa kwakho. Uma unawo, sizowasebenzisela ukwenza ubulungu bakho be-EPPF buvame. Uma ungenawo amarekhodi, lokho akuyona inkinga. Kudingeka nje ugcwalise ifomu lokusazisa ngalokhu

ngokusemthethweni. Igama lakho lizobe selifakwa ohlwini lwabantu abangenawo amarekhodi okuqashwa ngaphambilini. Lolu hlu luzothunyelwa njengengxenye yesicelo sasenkantolo se-EPPF sesinqumo esixazulula udaba. Lesi sinqumo sizokwenza ubulungu bakho be-EPPF buvame.

Nakhu okudingeka ukwazi kanye nesenzo esidingekayo kuwe:

1. I-EPPF isebenzisa indlela yezigaba ngakho sizosingatha izifundazwe eziqondile ngesikhathi esisodwa. Enyangeni ka- Agasti nekaSepthemba 2025, sixhumana namalungu aseGauteng nawase Mpumalanga ngokukhethekile. Amalungu akwezinye izifunda azothintwa ezinyangeni ezizayo kodwa ngesikhathi elindile angalungiselela amadokhumenti awo.

2. Kudingeka usithumele noma yimaphi amadokhumenti-amabili kulawa alandelayo aqinisekisa isimo sakho sokuqashwa:

   a) Incwadi yokuqashwa.

   b) Isivumelwano sokuqashwa somsebenzi.

   c) Incwadi yokuqokwa

   d) Incwadi yokunikeza ebonisa usuku lwakho lokuqala.

   e) Ikhadi lomholo.

Uma ungenayo ikhophi yanoma yimiphi imibhalo yokuqashwa eshiwo ngenhla, udinga ukuba usithumelele noma yimiphi imibhalo emibili kwalandelayo eqinisekisa isimo sakho sokuqashwa ngosuku lokungena kwakho esiKhwameni:

   a) Noma iyiphi incwadi yenkonzo ende.

   b) Noma iyiphi incwadi yokudlulisa isisebenzi ebonisa usuku lwakho lokuqala nomqashi wakho (wangaphambili).

c) I-payslip ebonisa usuku lwakho lokuqala nomqashi wakho (wangaphambili).

Lawa madokhumenti kumelwe athunyelwe nge-imeyili kithi kokuthi declare@eppf.co.za ungakadluli umhla ka-30 March 2026.

**Uma ungenayo noma yimiphi imininingwane edingekayo**, kuzomele ugcwalise ifomu elinamathiselwe, bese ulibuyisela kithi, kanye nekhophi yakho ecacile ye-ID (izinhlangothi zombili uma kuyi-ID eyikhadi). Ungathumela ifomu eligcwalisiwe kanye nekhophi ye-ID yakho kokuthi declare@eppf.co.za Uma ukhetha ukugcwalisa ifomu ku-inthanethi, ungakwenza lokho ngokuchofoza le linki ezokuyisa efomini elisewebhusayithini yethu. Isicelo sizobe sesifakwa enkantolo futhi sizolethwa kuwe. Idokhumenti ozoyithola ingase ilethwe uSherifu Wenkantolo noma ithunyelwe nge-imeyili abameli be-EPPF (Norton Rose Fullbright.) Asikho isidingo sokukhathazeka lapho uthola isicelo senkantolo ngoba lesi sinyathelo sokukunikeza amaphepha siyingxenye yenqubo yasenkantolo. Asikho isenzo esidingeka kuwe ngaphandle kokwamukela amaphepha ozowanikezwa.thunyelwe nge-imeyili abameli be-EPPF (Norton Rose Fullbright.) Asikho isidingo sokukhathazeka lapho uthola isicelo senkantolo ngoba lesi sinyathelo sokukunikeza amaphepha siyingxenye yenqubo yasenkantolo. Asikho isenzo esidingeka kuwe ngaphandle kokwamukela amaphepha ozowanikezwa.

Lapho udaba selufakiwe enkantolo, iSikhwama sizofaka isicelo sosuku lokuvela enkantolo ukuze udaba luqulwe phambi kwejaji. Uzokwaziswa ngosuku inkantolo ezolalela ngalo udaba lweSikhwama. Akudingeki ukuba uye enkantolo njengoba udaba luzophothulwa yithi senzela wena. Sizophinde sikwazise ngesinqumo senkantolo mayelana nesicelo sethu nge-imeyili noma ngomyalezo.

Siyobe sesikwazi ukubuyekeza ngokusemthethweni amarekhodi ethu ukuze abonise ukuthi uyilungu elifanelekayo leSikwama.

Phakathi kwayo yonke le nqubo, ngeke kube khona nanomncane umthelela enzuzweni yakho futhi uzoqhubeka nokuyithola.

Sizoba namaseshini okuhlinzeka ngemininingwane uma unanoma yimiphi imibuzo. Lawa maseshini azokwenziwa sibonana ngokoqobo, enziwe nange-inthanethi. Lapho sinamaseshini esibonana kuwo ngokoqobo, uzothintwa ngokuqondile nge-imeyili noma nge-SMS yiSikhwama.

Ngemva kwe-Gauteng neMpumalanga, i-EPPF izoxhumana namalungu ezifundeni ezilandelayo.

Uma unanoma yimiphi imibuzo ofuna izimpendulo zayo nganoma yisiphi isikhathi, ungaxhumana ne-EPPF. Abaqondisi Bethu Bezomthetho bangathintwa nge-imeyili ethi declare@eppf.co.za. Isikhungo Sezingcingo se-EPPF sizokwazi nokukusiza enombolweni yamahhala ethi 0800 079 672 noma ungathumela i-imeyili kokuthi info@eppf.co.za.

Abazithobayo
Ithimba Le-EPPF